


Qaphela, Luthando!

Sue Boucher · Hylton Warburton · Sinomonde Ngwane



Qaphela, Luthando!

Le ncwadi ngeka







Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.

Qaphela, Luthando!
(Look out, Luthando!)
Illustrated by Hylton Warburton
Written by Sue Boucher
Designed by Sinomonde Ngwane
Edited by Sarah Heron
Translated by Lungile Mbhele
with the help of the Book Dash participants in Durban on 29 October 2022.

ISBN: 978-1-928497-76-9

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (<http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/>). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.


No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.

Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.

No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

Qaphela, Luthando!

Sue Boucher · Hylton Warburton · Sinomonde Ngwane



“Lalela!” kusho uLuthando.
“Uzwani?” kubuza uSonto.
“UMgqibelo.”
“Uzwakala kanjani uMgqibelo?”
“Uthule kunoLwesihlanu,” kusho uLuthando.
“Wonke umuntu usalele.”



“Kufanele ngikhande isango likaGogo namuhla,” kusho uBaba.



“Wonke umuntu ozongiphathisa izimpahla zami sigoduke nazo ngizomupha u-ice cream,” kusho uMama.
“Sizokuphathisa, Mama,” kusho izingane.





“Qaphela, Luthando!”

“Hawu!”

“Ave uhlekisa kodwa wena,”
kuhleka uSonto.

“Ngizwa isithuthuthu,” kusho uLuthando.

“Akunasithuthuthu lapha,”
kusho uSonto, eqalaza.



Isithuthuthu sithi shwi sidlula.
“Zibukhali izindlebe
zakho bo, Luthando.”



“Qaphela, Luthando!”
“Hawu!” washo uLuthando
enyathela ixhaphozi.

“Buka-ke ukuthi usumanzi
kanjani,” kusho uMama.



“UBaba usefikile.”
“Wazi kanjani, Luthando?” kubuza uSonto.



“Ngiyalizwa iphunga lokudla akuphekayo,”
kusho uLuthando ehogela emoyeni.
“Libukhali ikhala lakho bo,” kusho uMama.

“Qaphela, Luthando!”

“Awe!”

“Qaphela lapho uhamba khona,” kusho uMama.


“ULuthando akasheshi ukubona,” kusho uSonto.



“Ubonani, Luthando?”
kubuza owesifazane onomoya omuhle.
ULuthando ufifiyela kakhulu.
Ubona okusamakokoroshe nje
amanyama odongeni.



Ubuka ngezibuko zamehlo.
“Ngibona izinhlamvu
zamagama,” kusho yena.
“Nazo-ke!”



“Buka, Gogo!”
“Unezibuko zamehlo,” kusho uGogo,
eshaya izandla zakhe.
“Kwaze kwakuhle lokho. Awungitshela
ukuthi ubonani.”



“Ngibona izilokazane nezintuthwane
nezicabucabu nezinyosi. Sengibona
YONKE INTO manje.”





“Gogo, ubuso bakho buqhekekile,”
kusho uLuthando, ethinta buso bukaGogo.
“Hhayi...Luthando! Akukona ukuqhekeka lokhu.
Imibimbi esebusweni bami ngenxa yokuba
mdala kanye nokuhlale ngihleka
zonke izinto ozishoyo.”

“Unga...”



“Buka, nali ixhaphozi!” kusho uLuthando.

Usho emva
kwendaba!





